


**NguMongameli
uHenry B. Eyring**
Ikhasela Lokuqala
kubuMongameli Bokuqala



Izibusiso Zokweshumi

I njongo kaNkulunkulu ngokunikeza thina imiyalo ukubusisa thina. Ufuna ukusinikeza impilo yangunaphakade, isipho Sakhe esikhulu esidlula zonke (bona D&C 14:7). Ukuthola isipho sokuphila Naye emindenini ingunaphakade embusweni wokuqala omkhulu, kumele thina siphile imithetho yalowombuso (bona D&C 88:22).

Usinikeze imiyalo kulempilo ukusiza thina sikhulise lelokhono. Umthetho wokweshumi yilowo wemiyalo wokulungiselela. Umthetho ukuthi sinikeza iNkosi okunye-okweshumi kwencebo esiyitholayo yonke yethu. Kusobala ngokwanele ukuthi nengane ingazwisisa lokho. Ngikengabona izingane zinikeza ubhishobhu i-emvilophu yokweshumi leyo equkethe okunye-okweshumi kohlamvu lwemali abaluholile.

Ezinye zezibusiso eziza ngokukhokha okweshumi ngokupheleleyo ukukhulisa ukholo lokuphila ngomthetho ophezulu. Ukuphila embusweni wokuqala omkhulu, kumele siphile umthetho wenhloso yobungcwele. Lapho kumele sikwazi ukuzizwa ukuthi konke esiyikho futhi konke esinakho kungokuka Nkulunkulu.

Kunezindlela okungenani ezintathu ukuthi ukukhokha okweshumi ngokupheleleyo kulempilo kusilungiselela ukuthi *sizwe* lokho thina esidinga ukukuzwa ukwamukela isipho sempilo yangunaphakade.

Okokuqala, uma sikhokha okweshumi eBandleni, uBaba wethu waseZulwini uthela izibusiso phezu kwethu. Noma ngubani okhokhe ngasosonke isikhathi

okweshumi ngokupheleleyo uyazi ukuthi kuyiqiniso. Izibusiso ngesinye isikhathi zingomoya futhi ngesinye isikhathi ziyisikhashana. Zinikezwa ngesikhathi seNkosi futhi ngokunjalo ngalokho Yena akwaziyo ukuthi kusilungele.

Njengalokhu izibusiso ziza, ukholo lwethu luyakhula ukuthi uNkulunkulu uyisiqalo sakonke okuhle ezimpilweni zethu. Kubalula ukubona ukuthi inhloso yobungcwele ibonisa ngokusobala iqiniso ukuthi yonke indalo kaNkulunkulu ngeYakhe. Isenza *sizizwe* sithokozile ukuthi Ucela kuphela amaphesenti angu 10 kulokhu ngaphambilini Asinikeze kona. Ngakho-ke sizimisele kangcono ukuphila umthetho wenhloso yobungcwele lapho uzakubuzwa kithina.

Okwesibili, thina sonke esikhokileyo okweshumi ngokuphelele ngasosonke isikhathi *sizwa* ukuzithemba okukhulu ukucela uNkulunkulu kulokho thina kanye nemindenini yethu esikudingayo. Uthembise izibusiso ezingaphezulu kulezo esingazamukela uma sineqiniso ngesivumelwano sethu sokukhokha okweshumi (bona uMalakhi 3:10). Ngakho-ke ezinye zezibusiso ezinkulu zokweshumi ukuthembela ekusaseni ukuthi liphetheni. Noma izimo zethu zinjani, izinto zizawulunga kahle kakhulu. Njengoba sigcina izithembiso zethu, Uzakugcina esakhe. Ukuzwa ukuthula enye yezibusiso ezinkulu zokukhokha ngokuphelele okweshumi. Labo abagcine umyalelo wangokweshumi bangabeka ubufakazi ukuthi

isibusiso sokuthula esangempela futhi siyigugu.

Okwesithathu, labo abakhokha okweshumi *bezwa* ukuphakama kothando kuNkulunkulu futhi nabanwana bonke bakaNkulunkulu. Lokho kuphakama kothando kuvela ekuzwisiseni uBaba usebenzisa kanjani okweshumi esikunikelayo ukubusisa abantu kulomhlaba futhi nakunaphakade.

Ngezinceku Zakhe ezivumelekile, Usebenzisa okweshumi ngokunakekela okukhulu. Umkhokhi okweshumi usiza iNkosi iyakhe amathempeli, lapho imindeni ingahlanganiswa ingunaphakade. Umkhokhi okweshumi usiza Yena athumele ivangeli kubantu yonke indawo. Umkhokhi okweshumi usiza Yena ehlise indlala kanye nokuhlupheka ngendlela Yakhe ngokusebenzisa izinceku Zakhe. Noma yimuphi walezo zinceku zingakutshela ukuthi kanjani uthando luphakeme ngokuba okweshumi kusetshenziswe ukubusisa abantu. Futhi kanjalo naye umkhokhi okweshumi ngeqiniso.

Ukukhokha okweshumi kuyizinyanga ezizayo. Ngiyathandaza ukuthi wena kanye nomndeni wakho ningaqala manje nihlele futhi nilungiselele ukuvumeleka kuzibusiso lezo uNkulunkulu azithelayo kulabo bonke abamemezela kuYena ukuthi bona bangabakhokhi okweshumi ngokupheleleyo.

UKUFUNDISA OKUVELA KULOMLAYEZO

- Okwesinye isikhathi indlela okuyiyona engcono ukufundisa eminye yemithetho ukubonakalisa wona (bona *Ukufundisa, Akulona Ubizo Olukhulu* [1999], 164). Cabanga ngokubuza ilungu lomndeni libonise ukuba okunye-okweshumi kumeleni. Owesilisa noma owesifazane angakwazi ukubonisa ngokuhlukanisa into eyodwa kwisixuku sezinto ezingu 10. Ukuphetha, cabanga ukumema ilungu lomndeni libonise kanjani ukugcwalisa upheshana locwezu okweshumi.
- "Labo obafundisayo bazakuzuza komunye nomunye abahlanganyelana nabo (*Ukufundisa Akulona Ubizo Olukhulu*, 63). Mema amalungu omndeni ukuba babelane nalokhu bona abakukholwayo uMongameli uEyring akushoyo negesitetimende" *izwa lokho thina esidinga ukukuzwa ukwamukela isipho sempilo yangunaphakade.*" Cabanga ukuxoxisana ngezindlela ezintathu lapho ukukhokha

okweshumi kusilungiselela ukuzwa lokho thina esidinga ukukuzwa ukwamukela izibusiso zikaNkulunkulu.

INTSHA

Imali Eyanele

Ngu Fabiano dos Santos da Silva

Ngahlangana nabafundisi benkolo ngenkathi ngine-minyaka engu17 ubudala. Ngalesosikhathi umfowethu omdala kanye nami sasihlala ndawonye. Umama wethu wayeseshonile ngonyaka owadlulayo, futhi impilo yayinzima. Ngenkathi abafundisi benkolo bangifundisa, Ngabona ukuthi iBandla kwakuyilona ekade ngilifuna ngasonke isikhathi. Kepha imfundiso yabangani bami yanginqabela ukuba ngiye ebandleni ngamaSonto.

Ngolunye usuku ngahamba ngaya emisebenzini yeBandla phakathi neviki. Ukubona wonke umuntu osemusha ehleka futhi edlala kwaletsha ukujabula okukhulu kimina. Abafundisi benkolo, nentsha, bathola lelo thuba ukufundisa mina isifundo sevangeli, futhi ngazizwa ngithokozile ngathatha isinqumo sokubhabhadiswa.

Kepha ngaphambi kokuba ngijoyine iBandla, Ngahlangabezana nezivivinyo. Kwakuyimina kuphela ilunga leBandla kuleyo nxenye yedolobha futhi ngihlala kude kakhulu kwindawo yokuhlanganyela. Abangane bami abangasiwona amalungu ebandla azange basafuna ukuzwa lutho ngami. Ngenkathi ngizizwa ngingedwa, Ngathandaza futhi ngezwa uthando lweNkosi.

Enyangu ngayinye, Ngathola ingxenye encane yemali esikhwameni umama wami ekade engibekele sona. Kwakunzima ukuba ngizimele mina ngemali leyo eyayincane. Kepha ngazimisela ukuba ngilalele. Ngakhokha okweshumi futhi kwakumele ngikhokhele nokuhamba ngiye ekholiji lebandla kanye nemihlangano yangeSonto. Ngangingaqondi kanjani, kepha ekupheleni kwenyanga, Ngathola ukuthi kwakunemali eyanele ukwenza konke.

Ngiyazi ukuthi ngibusisiwe ngokukhokha okweshumi. Ukulalela lemiyalo kungisizile ukuze ngithole ubufakazi obuqinile kakhulu, ngisebenze kumishini, futhi ngibone izibusiso ukuze ngiqinise amalungu asemasha abhekene nezivivinyo.

IZINGANE

Ngingakhokha Okweshumi

Ukukhokha okweshumi kusho ukuthi sinikeza amaphesenti angu 10 kulokho esikuholile eNkosini. Cabanga izingane ezenza imisebenzi ehlukile. Cabanga ukuthi oyedwa uholo \$1, omunye uholo \$2, futhi enye ingane yesithathu ihola \$3. Bhala ukuthi kuzobiza

kanganani okweshumi koyedwa wezingane.

Umklomelo owumbuzo: Ibaphi kulabo abangabakhokhi okweshumi abazakuthola izibusizo eziningi na? (Isicebiso: Bona isigaba sokugcina somalayezo ka Mongameli uEyring.)



Ukholo • Umndeni • Inkululeko

Ukuqinisa Imindeni Ngokuzimela Ngokwakho Kwasemhlabeni

Funda lomlayezo futhi ngokufanelekile, xoxa ngayo nalabo dade obavakashele. Sebenzisa lemibuzo ukusiza ukuqinisa odade bakho nokwenza Inhlangotho Yomame Yenkululeko ibe yingxenye ebalulekile yempilo yakho.

Ukwakha ukuzimela ngokwethu—ikhono lokuzinakekela ngokwethu futhi nemindeni yethu—kungumsebenzi wawonke udade. Sibanokuzimela ngokwethu njengoba sifunda ukuthanda umsebenzi, njengoba sifuna ugqugquzelo ukuthola izindlela ezifanele ukuziphilisa, futhi njengoba sisebenza namalungu omndeni ukuhlangabezana nezidingo.

Uma sizimela ngokwethu, sisebenzisa izibusiso zethu kanye nezinto ukuzilungiselela futhi sibalekele izinkinga. Ukuzimela ngokwakho, kepha, kubancono njengoba sithandazela ukuba nesibindi ukuhlangabezana nezivivinyo ngokholo ezizakuza nakanjani. Ukuzimela ngokwakho futhi kusenza sigcine imiyalo yethu sinakekela abanye

Enhlanganweni Yabesimame Ekhululekile, sifundiswa imithe-tho yokuzimela ngokwethu kanye namakhono. Odade bangafunda ngebhujethi, ukuphuma esikwiledini, ukuvumeleka emsebenzini, izincwadi ezingcwele kanye nevangeli, ukufundisa abanye ukufunda, itheknoloji, impilo, amandla, ukuvikela ukukhanuka kakhulu futhi nokuphola, impilo emphakathini futhi nempilo ethinta ngaphakathi, ukuvikela ukugula, ingadi, ukukhihliza futhi nokugcina

ukudla, ukuzilungiselela okusheshayo, futhi nezinye ezinto eziningi ezizosisiza thina sibengabazimele ngokwethu.¹

uJulie B. Beck, uMongameli jikelele Wenhlangotho Yabesimame Ekhululekile, uyachaza ukuthi “ukuziphilisa ngokwethu futhi nabanye kuyisiqiniseko sokuthi thina singabalandeli beNkosi uJesu Krestu. . . . Ngenkathi[umamezala wami] edlula emhlabeni masishane ngonyaka odlule, washiya isiqiniseko sakhe sempilo yokuzimela ngokwakho. Wayenelungelo lokungena ethempelini futhi nezincwadi ezingcwele ezasetshenziswa kahle futhi nezincwadi zevangeli. Sahlukanisa amabhodo, ngothando amapani, kanye nezitsha lezo ayelungisela izidlo ezingamakhulu kuzo. Washiya amakhamfatha ayewenzile ngezingu ezigugileyo. Wayekhohlelwa kusisho sakudala ‘Isebenzize yonke, imbhathe, yenze isebenze, noma yenza ngaphandle kwayo.’ Sabona ubuningi bokudla ayekutshalile, ayekuvalelile, futhi ayekugcinile. Ngaphezu kwalokho wathinta lapho izincwadi zokubala imali lapho wabhala khona ngokuthembeka konke ayekuthenge ngemali echithiweyo eminyakeni eminingi. Ngokuba wayephila ngokuzinakekela, washiya enye

yemali ayeyibekele izikhathi ezinzima, futhi akashiyanga sikwiledi! Okubaluleke ukwedlula, wafundisa futhi wagqugquzela abaningi abanye ngekholo alithola ngesikhathi sempilo yakhe enokholo.”²

Kuvela embhalweni Ongcwele

uJohane 13:34–35; uJames 1:27; uMozaya 4:26; Imfundiso Nesivumelwano 29:34–35; 38:30; 44:6

Kuvela Emlandweni Wethu

Odade Benhlangotho Yomame Ekhululekile njalo bahlanganyela emsebenzini wokufundisa imiphfumulo yamanje futhi neyangomoya. Njalo ngeviki njengoba Abesimame Benhlangotho Yomame Ekhululekile baseNauvo bahlanganyela, odade babika ngabantu abanezidingo. Ukunikela ngemali, izimpahla, amakhono, kanye nesikhathi kwahlukaniswa ukukhulula abanezidingo. Lomsebenzi wokuqala wokukhulula ukuhlupheka kuqhubekile ukuba umsebenzi weNhlangotho Yabesimame Ekhululekile ezizukulwaneni.

Ngenkathi Abangcwele befika eSalt Lake Valley, uMongameli uBrigham Young (1801–77) waluleka odade ukuba basize labo abanezidingo futhi bafunde amakhono lawo azakuba siza ukuba

bazinakekele. Wathi, “Fundani ukuzisekela nina ngokwenu; bekani phansi ukolo kanye noflawa, futhi nikugcine ekuvikeleni ilanga lokuswela.”³ Ngaphansi kokuqondisa ngobupristi, iNhlango

Yabesimame Ekhululekile iyaqhubeka ukufundisa ukuzimela ngokwakho, ukuvikela umndeni, futhi ukugqugquzela ukulunga komuntu futhi nezenzo zokunikela, uthando olungcwele lukaKrestu.

AMANOTHI

1. Bona *Incwadi 2: Ukuphatha iBandla* (2010), 9.4.2.
2. “Umsebenzi Wenhlala Kahle wobuMongameli Benhlangano Yabesimame Ekhululekile,” *Imithetho Yokuqala yeNhlalo Kahle futhi Nokuzimela Ngokwakho* (2009), 5.
3. *Izifundiso zaboMongameli beBandla: uBrigham Young* (1997), 231.

1. Ngingasiza kanjani odade bami kanye nemindeni yabo ukwenza kangcono ukuzimela ngokwabo kwasemhlabeni.

2. Ngingenzakanjani Ukwenza kangcono kwami ngokuzimela ngokwami kwasemhlabeni?

Ukuthola ulwazi oluningi ngalokhu, iya ku www.reliefsociety.lds.org.